**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOHLAKA LOKULWA NOBUGEBENGU IJULUKA TSOTSI ECHESTERVILLE MHLAKA 28 JANUARY 2012.**

Mphathi woHlelo;
Amakhansela wonke akhona;
Ubuholi beJuluka Tsotsi;
Abamele amaqembu epolitiki;
Abamele izinhlaka zomphakathi ngokwehlukana kwazo;
Abezokugcinwa komthetho;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Bafowethu nodadewethu;
Ngiyanibingelela nonke.

Mangithathe leli thuba ngibonge ukuthi nami ngibe yingxenye yalo mcimbi esiwuthatha njengobaluleke kakhulu kule ndawo yakithi. Siyabonga futhi namhlanje ukuthi sibona abantu bakithi bedela konke angabe bayakwenza njengoba kuyimpelasonto, bathi bazokuba yingxenye yalo mcimbi. Lokho nje kukodwa kukhombisa intshisekelo enkulu yokwenza indawo yethu ibe ngephephile nenenhlalakakhle.

Kuyajabulisa-ke ukuthi namhlanje njengomphakathi, ngaphansi kohlelo lohlaka lokulwa nobugebengu iJuluka Tsotsi, sikwazi ukubuyela emuva sikhumbule ukuthi siphumaphi. Siyasazi sonke isimo esike sabhekana nendawo yalapha e-Chesterville nase-Cato Manor esaholela ekutheni kube nabantu abashiya amakhaya.

Kuyiqiniso-ke ukuthi njengoba sekubonakala uzinzo, nakuba kusangaba khona inkinga lapha nalaphaya, kumele phela siluqhakambise lolo zinzo, bese futhi senze imizamo yokuthi nalabo abaze baphoqeleka ukuba bashiye amakhaya nabo babuye sikwazi ukubungaza ndawonye lapha endaweni yethu.

Uma ngikhuluma egameni likaHulumeni wesifundazwe, ngifisa ukusho ukuthi siyakubonga ukubambisana esikuthole kubafowethu beJuluka Tsotsi njengoba ithimba loMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, engiwuholayo, lisibikela ukuthi lisebenzisana kahle nani. Eminye yemiphumela yalokho yilo mcimbi wanamhlanje.

Kumele ngikuveze futhi ukuthi njengoba silapha nje namhlanje, kuleli sonto kusukela ngoMsombuluko kuze kube kuthangi ngoLwesine besihlangene nazo zonke izinhlaka ezilwa nobugebengu esifundazweni, sicijisana ngezindlela zokulwa nobugebengu.

Lokhu kulandela umhlangano esaba nawo ngonyaka odlule owanquma ukuthi kumele kube nezithangami zokufundisana ukuze amaqembu alwa nobugebengu azi ukuthi yini okumele ayenze nokungamele ayenze ngokomthetho.

Kuyasiphazamisa kakhulu emkhankasweni wethu ukuthi abantu bathi bezama ukulwa nobugebengu kodwa kugcine sekuphoqeleka ukuthi kuboshwe bona. Siyazazi izigameko esezike zenzeka zabikwa nasezindabeni, lapho abantu bezithathela umthetho ezandleni zabo ngoba bethi balwa nobugebengu.

NjengoHulumeni asikaze thina sifise ukuvuna isigebengu uma senze icala, kodwa phela njengezwe elinomthetho siyaye sikhuthaze abantu bakithi ukuthi basebenzise izinhlaka nemigudu esemthethweni uma kukhona abamsola ngokugcweleza emphakathini.

Ukuzithathela umthetho ezandleni kugcina sekudale inkinga ngoba kwesinye isikhathi kuye kuthi uma sekubhekisiswa kutholakale ukuthi umuntu ubengenacala kodwa engeke esavuswa uma inkantolo yasehlathini imgwebe intambo.

Thina-ke vele nje uMthethosisekelo wethu awuhambisani nesigwebo sentambo, okusho ukuthi noma ngabe umuntu ubulawe enecala kodwa kumele kubekhona obekwa icala futhi ngokubulawa kwaloyo obenecala.

Enye into esikhathazayo ezindaweni zethu ngukusetshenziswa kwezidakamizwa, okuhlanganisa notshwala. Inkinga enkulu-ke ngalokhu ngukuthi abantu abasha yibona abangene shi kulokhu. Ubathola sebehluleka nokuzilawula baze balale noma yinobani kanti sebezovuka nenkahlankahla yengculazi.

Abanye badakwa bese bengena ezimotweni bashayele kugcine sekwenzeka lezi ziphihli zezingozi esihlale sizibona emigwaqeni yethu. Okubi-ke ngalabo ngukuthi imvamisa akubi yibona abafayo, kodwa kuvele kufe abanye abantu abangenacala abebengekho kwalapho ngenkathi umuntu evongxa utshwala.

Cishe sonke siyazi-ke manje ukuthi isifundazwe saKwaZulu-Natal siqhuba umkhankaso ka-Operation Hlasela ohlose ukuvukuza yonke imiphakathi ukuba ibambe iqhaza ekulweni nobugebengu ezindaweni esihlala kuzona.

Kodwa futhi manje lo mkhankaso usuhambisana newele lawo okungu-Operation Vali'ingozi lapho sikhuthaza khona abantu ukuba bakhulume nonembeza babo. Lapha sikhuluma nabasebenzisi bomgwaqo kanye nezigebengu uqobo. Umyalezo esihlale siwubeka uthi: **'Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu'.**

Ziningike izindawo esesizihambele ebezikhungethwe ubugebengu ngezindlela ezahlukene, lapho sithole ubuholi nomphakathi wakhona bezibophezela ngokusukuma bathathe indawo yabo basebenzisane noHulumeni ukuqinisekisa ukuthi senza izindawo zethu zibe okuhlalekayo kuzona.

Siyakubonga futhi ukuthi namaholide esiphuma kuwona akhombise ukuba ngaphephile kunawo wonke esesike saba nawo kule minyaka embalwa edlule uma kukhulunywa ngobugebengu.

Kodwa kusazomele siqhubeke siqinise kakhulu ngakulolu hlangothi lwezingozi zomgwaqo. Nakhona-ke kodwa sibonile ukuthi nakuba isifundazwe sethu sisahambe phambili ngokufa kwabantu kodwa sehle kakhulu isibalo sezinhlekelele ezidlula nemiphefumulo emihlanu kuya phezulu engozini eyodwa.

Lokhu kusitshela ukuthi ikhwela lethu lithande ukuzwakala ikakhulukazi embonini yokuthutha umphakathi, kuhlanganisa amatekisi namabhasi.

Masiphinde sinxuse-ke ukuthi abantu mabakhulume nonembeza babo noma besebenzisa umgwaqo noma beziqhubela impilo yabo yemihla ngemihla. Sithi njengoba sesidlulile isikhathi sikaKhisimusi nje, abantu mabaqhubeke baziphathe kahle unyaka wonye kuze kufike omunye futhi uKhisimusi.

Ngalawo mazwi sithi singuHulumeni wesifundazwe siyawesekela umsebenzi owenziwa yizinhlaka zalapha eChesterville naseCato Manor wokuqinisekisa ukuthi indawo yethu iya phambili.

**Ngiyabonga**